# Ukhiphe izidumbu owezinkomo

## EZOMPHAKATHI: Badutshulwa besuka ediphini

MTHOBISI SITHOLE

SIMANZONZO isimo aselala ezintabeni amalunga omphakathi waseMthunzi, enyakatho yeKwaZulu-Natal, kulandela ukuqubuka kwempi yezigodi esichithe igazi eliningi kuqothwa inqwaba yabantu ngenhlamvu.

Kubikwa ukuthi le mpi isinesikhathi iqhubeka, isuke ngombango wezinkomo ediphini. Phakathi kwezigodi ezithintekile kulolu daba kubalwa esaseMazimeleni ngaphansi kwenkosi uThanda Mzimela eMthunzini, nesenkosi uZenzo Zungu eMevamhlophe eMpangeni.

Kuthiwa nyakenye kuMandulo (September) kudutshulwe uMnu Thulani Shange (70) wanqamuka umlenze wabhoboka nasesiswini nakuba engashonanga, uMnu Khiye Mbambo abehamba naye washonela khona lapho ngesikhathi bebuya ediphini bevukelwa ngumuntu endleleni wadedela inhlamvu kanti bobabili laba bangaphansi kweNkosi uZungu.

UMthombo we**LANGA** uthi ngenxa yokuthi laba abadubulekile bambonile lona owenze lokhu okunguMnu Sbusiso Khumalo obesolwa, bamvulele icala waboshwa, waphuma ejele ngemuva kwezinyanga eziyisi-8 ngoba kuthiwa kabukho ubufakazi bokuthi nguyena obulele.

Kusoleka ukuthi ngesikhathi sekuphume uMnu Khumalo ejele umndeni wakwaShange uziphindisele wadubula uMnu Mkhombeni Khumalo, uyise omncane kaMnu Sbusiso Khumalo waseMazimeleni ngoba udinwe wukudedelwa ngokushesha kukaSbusiso.

“Umfana wakwaKhumalo walalela abantu endleleni wabadubula kanti uzothi uma ebaleka kwasala phansi isigqoko abekade ezifihle ngaso ubuso wabonwa. Uphumile ejele bavele badubula uyise wakhe laba bemindeni elahlekelwe izihlobo zayo.

"Selokhu kwenzeke le nto isimo sibi endaweni, umphakathi ulala ezintabeni sesigade inhlamvu nalapho singazi ukuthi izoqhamuka ngakuphi. Isonto nesonto kufihlwa umuntu kuqhuma inhlamvu asisazi okumele kwenziwe manje ngoba sebuzamile ubuholi kodwa akuzwakali lutho. Njengoba kuzobe kufihlwa nabanye nje ngeSonto leli lakusasa asinalo ulwazi ukuthi kuzobulawa bani uma siqeda ukungcwaba,” kusho umthombo.

Emasontweni amabili edlule kudutshulwe uMnu Tawu Cele waseHlobane khona eMthunzini eNkosini uMzimela osolwa ngokuzwana nabakwaShange njengoba kukhona okuthiwa bathi uthutha izindaba azihambisele abakwaShange okuyibona abalwa nesibongo sakwaKhumalo nezihlobo zaso. Kwenzeka lokhu nje, bathi udutshulwe emini ebuya ediphini ehamba nomfana wezinkomo olusa kwakhe, bashonele khona lapho bobabili. Kuthiwa ngeSonto bebengcwatshwa kwathi ntambama ngalo lolu suku kwadutshulwa uMnu Bheki Xulu wakuyona le ndawo futhi naye okuthiwa usondelene nabakwaShange.

“Siyazibuza ukuthi kungani uhulumeni engangeneleli ngokushesha njengoba kuqhubeka kuphela abantu endaweni. Sesaba ngisho ukuya emngcwabeni ngeSonto ngoba asazi ukuthi kuzobulawa bani,” kusho umthombo.

Ethintwa uMnu Thulani Shange owadutshulwa kodwa wasinda kulesi sigameko, uthi kubekhona ukungaboni ngaso linye endaweni kubangwa ipolitiki nombango wezinkomo kodwa kwaxoxwa kwadlula kanti akudlulile.

“Ngambona lo mfana owasidubula kodwa inkantolo imkhiphe phambili ngoba ithi ngeke ngikwazi ukubona umuntu osendaweni engamamitha ayisihlanu ukuthi nguyena obedubula. Angigculisekanga ngesinqumo senkantolo, ngikhuluma nje nawe sengahamba ngezinduku,” kusho uMnu Shange. Uthi okungenzeka ukuthi wayethengiwe ngoba ayikho ingxabano abayaziyo phakathi kwabo nomndeni wakwaKhumalo.

UMndeni wakwaCele obufihla ubaba wekhaya ngempelasonto esiphuma kuyona, walile ukuphawula ngalolu daba. Imizamo yokuthola eminye imindeni ethintekayo kulolu daba kayiphumelelanga. INkosi Zenzo Zungu ithi sebezamile ukulungisa lolu daba kodwa kalulungiseki. Ithi isimo simuncu endaweni. INkosi yaseMazimeleni uThanda Mzimela ikuqinisekisile ukuthi bayaphela abantu endaweni yayo.

“Kunemizamo engiphezu kwayo ukuxazulula lolu daba nakuba ngingawazi umsuka walo, kodwa uMnu Cele ubengibikelile ukuthi kukhona abafuna ukumdubula kanti-ke uzoshona singakaxoxi. Ngithi umphakathi ungethuki kakhulu sizoyilungisa le nto,” kusho uMnu Mnguni.

INkosi Zungu ithi umphakathi uhleli lubhojozi ngenxa yokuthi kabatholakali abantu abahlasela ngenhlamvu. “Sizamile ukuhlala phansi nomndeni wakwaKhumalo emuva kwesigameko sokuqala sokudubuleka kwabantu kwaba sengathi kuyavunyelwana kodwa nakhu kuqala phansi manje. Empeleni nathi kasinalo ulwazi oluphathekayo ngalolu dlame kodwa abantu badutshulwa besuka ediphini,” kusho iNkosi Zungu.

UMnu Kwanele Ncalane okhulumela uNgqongqoshe wezokuVikelwa koMphakathi KwaZulu-Natal, uMnu Mxolisi Kaunda, uthi kuzojutshwa ithimba elizosebenzisana namaphoyisa kulolu daba.

“Ungqongqoshe uyazigxeka kakhulu izigameko zokuchitheka kwegazi. Sinxusa ukuba kubekwe phansi izikhali kubekhona ukuthula kuxoxiswane uma kukhona ukungaboni ngaso linye,” kusho uMnu Ncalane.

Okhulumela amaphoyisa KwaZulu-Natal, uCapt Nqobile Gwala, uthi amaphoyisa aseMthunzini aphenya amacala okubulala enzeke mhla zingama-20 kuyona le nyanga kwathi omunye wabulawa mhla zingama-27. Uthi nakuba singakaziwa isizathu sokubulawa kwabo kodwa kucelwa abanolwazi ngabasolwa ukuba baxhumane namaphoyisa aseduzane.

**mthobisis@ilanganews.co.za**

**UVO LWAKHO:**
Masizwe umbono wakho ngalolu daba ekhasini leFacebook (**Ilanga newspapers**), kuWhatsapp (**082 070 8034**).

**Sebezamile ukulungisa lolu daba kodwa namanje alulungi.**

GUDUZA




“Lafa elikaMthaniya!

creative arts COLLEGE
www.creativearts.co.za
YOUR ACCESS TO THE CREATIVE MEDIA SECTOR
AWARD WINNING INSTITUTE "ISOE"
Special OPEN DAY for Matriculants (Parents Welcome)
03 Dec Sat
DBN - 9:00am • PMB - 10:30am
• Briefing Session • Tours
• Information Packs • Consulting
DBN
331 Dr Pixley KaSeme (West Street)
3rd Floor, West Tower, DBN
Tel: 031 301 3313
Cel: 081 589 1088
PMB
157 Victoria Road, Victoria Shopping Centre, PBM
Tel: 033 342 2720
Cel: 081 589 1088
FILM & TELEVISION PRODUCTION
MUSIC PRODUCTION
GRAPHIC DESIGN
MARKETING
JOURNALISM
FASHION DESIGN
ANIMATION
RADIO PRODUCTION
DJ & MUSIC INDUSTRY OPERATIONS
PHOTOGRAPHY
BEAUTY THERAPY